UNIVERSITY OF ZULULAND

**UMBONO KANYE NEMPOKOPHELO**
INyuvesi yakwaZulu (UNIZULU) iphokophele ukuba ngehamba phambili kwezemfundo ephakeme. Siqonde ukuba sikhiqize izifundiswa ezisezingeni lomhlaba ezingaphatha ezigabeni ezehlukene kulelizwe, nezidlondlobele emikhakheni yocwaningo nakwezemfundo jikelele.

**USOMQULU WOKUZIBOPHEZELA**
Thina mphakathi wase Nyuvesi yaseZululand:

**SIYAWAZISA** amaggxathu alabo abasandulelayo, namagalelo abo abeka i UNIZULU eqophelweni esikulo namuhla lokuba saziwe njengenyuvesi emikhakhangxube;

**SIYAVUMA** ukuthi nakuba lokhu okuhle sekwenziwe, kusekuningi okumele kwenziwe ukuze kufezeke izinhloso zoMthethosisekelo waseNingizimu Afrika, okubalwa kukho ukuhlonipheka kwamalungelo abantu, ukulingana kwabantu bonke, kanye nokwenza iNyuvesi yethu ibe ngengacwasi muntu nanganoma yiluphi uhlobo;

**SIYAZIBOPHEZELA** ekuqedeni zonke izinhlobo zokucwasa ezike zabakhona ezweni lethu, okungabalwa kuzo ukucwasa ngokwebala, ngokweminyaka, ngokolimi, ngesimo ukucwaswa ngenxa yokukhubazeka, ubuhlanga, amasiko, ubuzwe, ubulili, abazethwele, kanye nokucwaswa ngenxa yokugana/ukuganwa/ukungagani/ukungaganwa. Sibeka eqhulwini impilo nokuthuthuka kwabo bonke abasebenzi kanye nabafundi beNyuvesi yethu;

**SIYAQINISEKISA** njengenyuvesi yase Afrika ekufundiseni lokho okuhambisana nezindlela zethu zokwenza nokucabanga njengamaAfrika, futhi siyalugcizelela ulwazi lwasemandulo njengoluyosisiza ekukhiqizeni izifundiswa eziseqophelweni eliphezulu neziyoletha ubulungiswa ezweni lethu;

**SIZIHLELA** kabusha ekubeni yinyuvesi emikhakhangxube nehlinzeka iziqu zeSayensi, ezobuNjiniyela, ezobuCiko, nezenhlalakahle eziseqophelweni eliphezulu;

**SIYANIKELA** ekusebenzisaneni nalabo abanhloso zabo kungukuletha intuthuko, ubulungiswa, nokuthuthukiswa kolwazi lwamandulo, futhi;

**SIYAGCIZELELA UKUTHI KUWUMSEBENZI WAWO WONKE UMUNTU WASEUNIZULU UKULETHA UGUQUKO!**